Pre SS

Isihloko sesifundo: UJesu uhamba phezu kolwandle.

Umhlahlandlela womzali

Isikole sangeSonto Isikole sasekhaya

Mzali Othandekayo

Uyamukelwa kusifundo: UJesu uhamba phezu kolwandle.

Lomqulu ukunika umhlahlandlela ofanele wokuba ungasethula kanjani lesi sifundo.

Ungasilungiselela futhi usethule kanjani lesi sifundo

Nanka amanye amasu ngezansi wokulungiselela nokwethula lesi sifundo:

Isinyathelo	Isenzo
1.	Finyelela ku Webhusayithi ye-New Apostolic Church ngokufaka noma ngokuchofoza kusixhumanisi esilandelayo kusuka ku-WhatsApp: https://bit.ly/3NACSSHS
2.	Qoqa lezizinsiza zokufunda ezilandelayo ukuze uqiniseke ukuthi usihlomele lesisifundo: • IBhayibheli • Isifundo ngefomethi ye-PDF esivele silungisiwe • Incwadi yengane yokusebenzela kanye namapensele, amakhilayoni, njll. • I-Vidiyo kiliphi okuyisisiza sokufunda esingezekile / isisiza sokufunda ongazikhethela ngokuthanda kwakho • Ikhathekizimu yemibuzo nezimpendulo (Ikakhulukazi kulesisifundo sesiQinisiso). Qaphela: 2.1: Isikhathi esifanele sokuthulwa kwalesisifundo, kungemuva kwenkonzo yangeSonto ekuseni, ngokuhambisana nesikhathi sesikole sangeSonto ukuze kugcinwe inqubo yesikhathi esijwayelekile. 2.2: Uyacelwa ukuba ugcine isifundo sibe mfushane uma kunokwenzeka, khumbula izinga lokunaka kwezingane zethu (gxila esifundweni) - uyazi kangcono ingane yakho! *Isikole sangeSonto ngokuvamile asidluli imizuzu engama-45.* 2.3: Lesisifundo silungele ibanga (Pre-SS, SS1, RI 1 noma IsiQinisiso). 2.4: Uyacelwa uthinte uThisha wakho wesiKole sangeSonto – Pre-SS uma udinga noma yiluphi usizo noma uma udinga ezinye izinsizakufunda kulezi ezingenhla.
3.	Khuleka (bheka umkhuleko osekugcineni kwalomqulu) bese ucela uNkulunkulu ukuba akusebenzise njengethuluzi ukwethula isifundo ngendlela Yena afuna ukuba usethule ngayo.

Fundisa lesisifundo sesikole sangeSonto ekhaya

Ungasilungiselela futhi usifundise kanjani lesisifundo

Siyaqhubeka nokwabelana ngezeluleko ezithile zokuthi ungasilungiselela futhi usifundise kanjani lesisifundo:

Isinyathelo	Isenzo
4	Yenza indawo ilungele ukufundisa engenaziphazamiso lapho wena nengane / nezingane nisezingeni elifanayo. *Isibonelo*: Hlala phansi ocansini noma eduze kwetafula.
5	Funda kulesisifundo. Phinda ufunde futhi isifundo ukuze usiqondisise kahle. Bukela lesisifundo sevidiyo kiliphu ukuze uthole ukuqonda okungcono ngalesisifundo.
6	Zenzele amanothi ngamaphuzu abalulekile ongathanda ukuwakhumbula.
7	Yazi inhloso yalesisifundo ingane yakho okufanele siyikhumbule.
8	Yethula lesisifundo enganeni yakho ngokuxoxa lendaba noma ungayifundela ingane yakho lendaba uma ufuna.
9	Khombisa ingane yakho ividiyo bese uphinde ubuyekeze incazelo yayo.
10	Khombisa ingane yakho umsebenzi okufanele iwenze encwadini yayo yokusebenzela.
11	Khuleka, noma ucele ingane yakho ukuba ikhuleke bese uphetha isifundo.

Izinsiza zokufunda ezitholakalayo mayelana nokufundisela ekhaya.

Nazi ezinye izinsiza zokufunda zokungezelela lesisifundo sibe sezingeni leqophelo:

1. I-WhatsApp. Xoxani ngesifundo nomunye umndeni osifundayo nawo.

2. Xoxisanani ngesifundo nabanye abazali ukuze uthole ukuchazeleka kahle mayelana nesifundo ngaphambi kokuba sifundiswe.

3. Khululeka ukwenza olwakho ucwaningo ukuze uthole ulwazi olungezekile.

4. UMxhumanisi wesiKole sangeSonto webandla lakho kanye noThisha bazimisele ukukusiza.

Isifundo

Isihloko	UJesu uhamba phezu kolwandle.
Umbhalo weBhayibheli	UMathewu-14: 22-34
Inhloso yesifundo	Izingane zifunda ngamandla eNdodana kaNkulunkulu nokuthi zingamethemba njalo uJesu.

Isifundo esifingqiwe:

Nansi indaba:

Emva kokufundisa nokondla amadoda ayizi-5000 uJesu wayekhathele kakhulu. Abafundi banquma ukugwedla isikebhe baye kolunye ugu. UJesu ubathumela lapho ngaphambi kokuba Yena afike kuleyondawo.

UJesu uya endaweni ethule eseceleni kwentaba ukuyokhuleka.

Ngemuva kwaloko uJesu ubonakala eza kubafundi ehamba phezu kolwandle. Ungacabanga-nje ubona umuntu ehamba phezu kwamanzi na? Uma abafundi bebona ukuthi nguJesu ozayo bacabanga ukuthi lokhu kuyihaba angeke kwenzeke. Akakwazi ukuhamba phezu kolwandle; kungenzeka uyisipoki kuyilapho abafundi bakhala kakhulu. UJesu ubabiza uthi: “Asikho isidingo sokuba nikhathazeke, yanelisekani Yimina! Ningesabi!”

Kepha uPetru uthi: "Uma kunguwe Jesu, mangize kuWe phezu kolwandle." UJesu futhi uphendula athi "Woza lapha!" Ingabe niyazi yini ukuthi kwenzekani zingane na? UPetru wehla esikebheni phakathi nechibi wahamba phezu kwamanzi ebheke kuJesu. Futhi uJesu umi phezu kolwandle, umlindile.

Masinyane uPetru waba nokuqonda ngemimoya enamandla namagagasi wabese uyathuka. Ingabe niyazi ukuthi kwenzekani lapho na? Wabe eseqala ukucwila. Wamemeza kakhulu: "Jesu ngisindise".

Masinyane uJesu welula isandla saKhe, wabamba isandla sikaPetru ukumsindisa.

Lapho begibela isikebhe imimoya namagagasi athula ... Wonke umuntu owayesesikebheni wamangala kakhulu, bakhothama phambi kukaJesu bethi: "Ngempela, uyiNdodana kaNkulunkulu!"

Ingabe sisho ukuthini lesisifundo kithina namhlanje na?

- UJesu unamandla amakhulu angenza noma yini.
- Singamcela noma yini emikhulekweni yethu.
- UJesu uyasithanda futhi uzosivikela ngaso sonke isikhathi.
- Kumele simethembe njalo futhi sikholwe kuJesu.

Eminye imibuzo esingayibuza:

1. Kungani ucabange ukuthi uJesu unamandla na?
Impendulo: Wakwazi ukuhamba phezu kolwandle.

2. Kungani uPetru aqale ukucwila na?
Impendulo: Waqala ukungabaza futhi wasusa amehlo akhe kuJesu.

3. Ingabe uyacabanga ukuthi uJesu angakusiza nanganoma yini futhi nangako konke na?
Impendulo: Yebo, angakwazi ngoba unamandla amakhulu futhi uzohlala esithanda.

Umkhuleko wethu

UMkhuleko kaBaba noMama ngaphambi kwesifundo:

Nkulunkulu othandekayo, ngiyakubonga ngalolusuku

Busisa bonke abazali nezingane

Sengathi singabuzwa ubukhona baKho

Busisa isifundo esizoba naso

Sicela usifundise ukukukhonza

Futhi usisize ukwenza intando yaKho

Ukuze sikhule sisondele kuWe

Thumela uJesu azosilanda

Futhi kwangathi singalungela ukuhlangana naYe

Amen.

Umkhuleko ngemva kwesifundo:

Baba wethu osezulwini othandekayo, ngiyakubonga ukuthi usivikele namhlanje nokuthi akubanga nangozi lapho besidlala.

Masibe nobusuku obuhle nosuku oluhle kusasa.

Ngicela ungisize esikoleni ukuba sizwane nabangane bami singalwi.

Yiba noMama noBaba ngaso sonke isikhathi.

Busisa iNhloko yabaPhostoli kanye nazo zonke izinceku ubavikele ezindleleni zabo abahamba kuzo.

Ngiyacela usize bonke abantwana baKho ikakhulukazi abagulayo. Woza masinyane usithathele ekhaya. Egameni lika Jesu. Amen.